Publication: Ilanga Lange Sonto
Date: Sunday, November 25, 2018
Page: 19

# Iyavuthwa eye-fracking oKhahlamba

**BONGINKOSI ZONDI**

INCAZELO yegama lesayensi elithi *'fracking'* lisho uhlobo lwemayini esetshenzwa ngokutshutsha ngomfutho (kuhle komuntu echatha umntwana ngochatho oluthengwa esitolo) uketshezi phakathi kwemifantu esemadwaleni angaphansi komhlaba ukuze kumuncwe i-*gas* nowoyela.

Kunodaba olufufusayo lubuye lulothe, lokumbiwa komcebo kawoyela ne-*gas* ngale ndlela nakulelі eduze nezintaba zoKhahlamba kwelikaMthaniya naseFree State.

Phambilini ngo-2011 emibikweni yabezindaba, ngesikhathi ukuhlwaya lomcebo ngale ndlela bekuhlongozwa esifundeni iKaroo, eyingxenye yesifundazwe i-Eastern Cape neNorthern Cape, kwezwakala ukuthi nalapha kuyeza.

Kuzo zonke izimo ezifuze lezi, kuba nokuvungama nemibhikisho yokukhononda ekhaleni layo okuvamise ukuba ngabezokongiwa kwemvelo, abanikazi bomhlaba othintekayo nomphakathi ohlwempu.

Ezakamuva-ke zithi asephinde aqina amahlebezi okuthi izinkampani ezinkulu zakwamanye amazwe ezigxile embonini kawoyela ne-*gas* seziphinde zayivusa indaba yokuba zinikwe ilungelo lokuhlwaya lo mcebo ngale ndlela.

Lokhu kulandela ukuchithwa nguMnu Derek Hanekom ongungqongqoshe wezemvelo, kwemizamo yokuwumisa umsebenzi wokuhlwaya lo mcebo ngale ndlela.

Phakathi kwabebephikisana nokuqalwa kwalo msebenzi kubalwa lezi zinhlangano: yiWorld Wide Fund for Nature, groundWork, AgriSA, AmaHlubi Traditional Council neBakoena Traditional Council.



AYAQINA amahlebezi okuthi izinkampani ezinkulu zakwamanye amazwe ezigxile embonini kawoyela ne-gas seziphinde zayivusa indaba yokuba zinikwe ilungelo lokuhlwaya lo mcebo nge-fracking.

Isinqumo sikaMnu Hanekom eseseka uMnyango wezaMandla usikhiphe ngomhla ka-9 kuMandulo (September), nokuyikhona okunenkolelo yokuthi kuzonikeza umfutho le nkampani.

## UMTHELELA WOMSEBENZI WALOLU HLOBO

Ukuthikamezeka kwempilo ebikhona ngaphambi kokuba kuqalwe umsebenzi wemayini yinto eyenzeka cishe kuzo zonke izimayini noma ngabe ngazaluphi uhlobo lomcebo ombiwayo.

Nayo-ke i-*fracking* lena inowayo umthelela oshiya isimo sesiguqukile unomphelo. Futhi kuyaziwa ukuthi uma ukuhlaziya kososayensi okungashayi eceleni ngomthelela womsebenzi sekuveziwe, kuba nezigcawu okuye kuthiwe ngezokulalela izimvo zomphakathi.

Akuvamisile ukuba imibono evela kulezo zigcawu isihlehlise isinqumo sosozimboni abakhulu abasuke sebefana nehhashi elifakwe amahhanisi, bengasayingeni eyokuwuyeka lowo mcebo ungambiwangwa.

Phakathi kwezinye izinto ezibalwa ngososayensi ukuthi zingase zilindelwe ngokuqalwa kwalo msebenzi we-*fracking* ohlongozwayo, yilezi:

- wukuzamazama komhlaba ezingxenyeni ezithintekile;
- wukungcoliseka kwamanzi angaphansi komhlaba nalawo angaphezulu;
- wukuhubuluzwa kwawo wonke amanzi akhona kwazise le mboni idinga amanzi amaningi;
- wukulimala komkhiqizo wokudla emasimini ngenxa yokuntuleka kwamanzi;
- wukususwa komphakathi owakhe ezindaweni ezithintekile;
- kanjalo nokungcola komoya nenhlabathi kulezo zindawo ezithintekile.

Nakuba kubikwa ukuthi izazi zomkhathi zizwakalisa ukungakhathazeki ngomsebenzi we-*fracking* ohlongozwayo, nokho akukabi nasiqiniseko sokuthi kuzokwenzekani ezindaweni ezinjengeKaroo, kuyona okukhona nezindishi zokupopola umkhathi, ezibizwa nge-Square Kilometre Array nosekuchithwa izigidigidi zemali yohulumeni bamazwe ahlukene ukuze zigxunyekwe eKaroo.

Nalapha KwaZulu-Natal akuzwakali ukuthi kuthiwani ngezintaba zoKhahlamba esezamenyezelwa njengeWorld Heritage Site - nokuzenza zibe semqoka embonini yezokuvakasha!

Ububanzi bendawo ezothinteka uma umsebenzi wokuhlwaya usuqalile bulinganiselwa ku-1 *million* wamahektha, sekuhlangene okukhona kuyona amapulazi angu-6060! Kuyaziwa ukuthi ezolimo zinamathuba omsebenzi angunophelo kwazise isisu asikweletwa. Kodwa umcebo ombiwayo, njengawo lona we-*gas* nowoyela, ubizwa nge non-*renewable resources*, okusho ukuthi kuyofika isikhathi sokuba uphele ngomuso, kanti eyokudaleka kwamathuba emisebenzi iyona abavamise ukugaba ngayo osozimboni nxa bekhankasela ukwesekwa ukuba uqhubeke umsebenzi walolu hlobo.

Kuye kuthi nxa izimo ezinjena zivela kuqubuke nemibuzo engenayo impendulo maqondana nokuthi yini esuke yethenjiswe iziphathimandla uma seziphebeza yonke eminye imibono eyehlukile kokufunwa ngosozimboni.

Uma-ke sekufakwa nodaba lomhlaba nokuthathwa kwawo ngaphandle kwesinxephezelo, kunzima ngempela ukuthi imbiza yalesi sitshulu iyoke ivuthwe na.

**UVO LWAKHO:**
Masizwe umbono wakho ngalolu daba ekhasini leFacebook **(Ilanga LangeSonto)**, kuWhatsapp **(082 070 8034)**.

This material has been copied under a Not Selected licence and is not for resale or retransmission.